



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

LWEZI 2021

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhansi ELISHA.
4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
5. Bhala izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- | | |
|-------------|-------------------|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISA**

- 1.1 Fundisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**ISIFO ESIGADLE KWEZWAKALA**

- | | | |
|---|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------------|
| 1 | Selokhu kwathi nhlo kuvamile ukuba uzwe abadala bethi esikubone kulo nyaka <u>siyokuzekela amagwababa echobana</u> . Unyaka wezi-2020 kube unyaka la esingathi kusale kancane ukuba umhlaba ubhubhe ngenxa yokhuvethe obeluwuksunguthe, i-Covid-19. Lesi sifo sibizwa kanjena nje ngoba igciwane lakhona litholakale ngonyaka wezi-2019. | 5 |
| 2 | Izwekazi lase-Afrika nalo alisindanga njengoba liyingxene yamazwe omhlaba. IGibhithe laba izwe lokuqala e-Afrika ukubika ngomuntu otholakale naleli gciwane, kwalandela iNingizimu Afrika. Inyanga kaNdasa kowezi-2020 iyona okwatholakala ngayo umuntu wokuqala owayehaqwe yileli gciwane kuleli. Wayekade evakashele ezweni laseNtaliyane. Uhulumeni kwadingeka ukuba amemezele ukuba uyalivala ngci izwe amasonto ambalwa. Lokhu kwakubangelwa ukuthi kwakufanele kunqandwe ukubhebhethuka kwalolu bhubhane. Ngokuphazima kweso kwavalwa izikole, amasonto, amabhizinisi ahlukahlukene, iphalamende, ezokuvakashaa nokunye okuningi. INingizimu Afrika yaziwa njengelinje lamazwe anomnotho ontengantengayo nokungalingani kwamazinga empilo yabantu abaphila kuyo. Lokhu kuye kwacaca bha ngenkathi leli zwe selivaliwe. Abezimo eziphuthumayo, izibhedlela, imitholampilo, izitolo ezidayisa ukudla, amagalaji kaphethiloli yazona zindawo ezingazange zivalwe. Kwashaywa umthetho wewashi ukuze abantu bangagcaluzi noma ikanjani. | 10
15
20 |
| 3 | Kuwo lowo mnyama kwadingeka ukuba abantu basuke ezindaweni ababeye kuzo ngokuyosebenza baphindele emakhaya. Abantu babecabanga ukuthi kuzoba yinto yesikhashana kanti ababuzanga elangeni . Lokhu kwadala izingqinamba ezinhlobonhlobo emiphakathini eyahlukene. Abanye abantu bakuthola kunzima ukuthokozela ukuba semakhaya. Abantu abanangi babhuqwabhuqwe yisifo se-Covid-19, baphinde bahlaselwa indlala. Kukhona abazithole sebenengcindezi yokuhlala neminden yabo ababengazijwayezanga ukuhlala nayo isikhathi eside. Kwanda udlame emakhaya, kwaba isikhathi esingabekezeleki. Abazali bazithola sekufanele bangagcini nje ngokwelekelela izingane zabo ngemisebenzi yesikole kodwa baphenduke othisha boqobo. Abefundisi bagcina sebengasenazo izinkonzo futhi bengasaholi. | 25
30
35 |

4	<p>Ezomnotho ziwumgogodla wakho konke okwenzekayo emhlabeni jikelele. Yonke imikhakha incike kwezomnotho. Ukuvalwa kwemingcele kwalimaza kakhulu ezokuvakasha, umkhakha wezamabhzinisi, nezimboni ezikhiqiza izinto ezahlukene. Ukunqanyulwa kokwamukelwa kwezimpahla eziphuma eShayina nakwamanye amazwe kwalimaza kakhulu umnotho wakuleli. Ngaphezu kokuthi umhlaba wonke wawukhunethwe yilolu bhubhane lwe- Covid-19, iNingizimu Afrika yaba neshwa lokuba iphinde ihlaselwe ukukhwatshwaniswa kwemali nezinye izinsiza ezazabelwe ukulwa nalesi sifo. Kuthe abantu obekuyibona ebebelekelela ukuba kungalalwa kungadliwe emakhaya ehlukene bamiswa emsebenzini abanye wabalahlekela. Eminye iminden'i ilahlekelwe ngamalungu ayo amanangi ngesikhathi esisodwa. Lokhu kudale usizi nenhlupheko enkulu kwabasele. Imizi kanokusho abebehlala kuyo yadliwa, kwallandwa izimoto nefenisha ngenxa yokuthi abantu babengasakhokhi njengokwesivumelwano. Uhulumeni uzamile ukulekelela abangasebenzi ngokubanikeza isibonelelo, waphinde wakhuphula imali yesondlo sezingane, esabadala nabakhubazekile izinyanga ezimbalwa. Ezomnotho yizona ezikhahlamezeke kakhulu namanje isimo sezomnotho asikabuyeli kwesejwayelekile futhi kusazothatha isikhathi.</p>	40 45 50 55
5	<p>Ezemfundo zishayekile nazo ngoba kwadingeka ukuba kuvalwe izikole nezinye izikhungo zezemfundo ukuze kunqandwe ukubhebhethuka kwalolu bhubhane lokhuveth. Lokhu kuthinte ngisho imiphumela yabafundi ezikoleni nasezikhungweni zemfundo ephakeme ezahlukene. Kuwulimazile lokhu umnotho ngoba abakhokhelwa ngokuthutha izingane nabo kwadingeka ukuba bahlale emakhaya, kwangaba khona imali engenayo. Abakhokhelwa ngemali evela kubazali njengasezinkulisa nakwezinye izikole bazithola sebedla imbuya ngothi. Kuyishaye kakhulu imiphakathi entulayo ukuvalwa kwezikole ngoba ezinye izingane zizithole zingenakho okuya ngasethunjini ngoba zethembele kakhulu ekudleni ezikuthola esikoleni. Kwethulwa izinhlelo zokufundisa abafundi kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanje, umabonakude nemisakazo eyahlukene. Emiphakathini eminingi kwaba nenselelo yokulandela lezi zinhlelo ngoba abafundi nothisha bengenazo izinsiza ezifanele.</p>	60 65 70
6	<p>Kwezenhlalakahle isimo senhlalo saphazamiseka. Abantu abanangi bathikamezeke ngokomqondo nangokomzimba. Ukuhlala emakhaya abantu bengenzi lutho kwaba nomthelela omubi kwezempiro nokuzivocavoca. Abanye abantu baqala ukudla kakhulu kunakuqala ngoba yayingeckho into abayenzayo nangenxa yengcindezi. Izindawo zokuzivocavoca nazo zavalwa. Izwe lithwale kanzima. Ngaphezu kwalezo zinkinga ezazikhunetha lalingakulindele futhi lingakulungele ukuba neziguli ezinegciwane le-Covid-19.</p>	75

Lalingenayo imali eyanele yobuxhakaxhaka bemishini, imishanguzo, izinsizakuvikela, imibhede ngisho nabasebenzi ababekulungele okwakwenzeka. **Eminye imiphakathi ithintek kakhulu kwezamasiko nemikhuba ejwayelekile yokungcwaba nokushadisa.**

80

Kwesinye isikhathi bekungelula ngisho nokuyofihla izihlobo zegazi.

Imishado eminingi kwadingeka ukuba ihlehliswe.

85

7

Kukho konke lokhu obekwenzeka obekuyizingqinamba, kukhona okuhle esikuzuzile njengomphakathi waseNingizimu Afrika. Izindleko zemingcwabo, ezemishado, ukuvulwa kwephalamende neminye imicimbi zehla ngoba isibalo sabantu sasesinqunyiwe kungavunyelwe ukuba sedlule ikhulu labantu. Ayisaphathwa-ke ngesikufundile kwezobuchwepheshe kuye kwaphoqeleteka ukuba abantu bazifundise ukubusebenzisa.


90

[Sicashunwe ku-Covid Alert app, Sabuye sahlelwa kabusha]

KANYE NO

- 1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



IMIBUZO YOMBHALO A (EFUNDWAYO)

- 1.1.1 Nikeza uhlolo lwasimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sokuqala uphinde usichaze ukuze kuvele ukuthi uyasiqonda. (2)
- 1.1.2 Yisho ukuthi kungani lesi sifo sibizwe ngokuthi siyi-Covid-19. (1)
- 1.1.3 Yisiphi isizathu esaphoqeleta ukuba uhulumeni waseNingizimu Afrika alivale izwe? (2)
- 1.1.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ubunzima obulethwe ukufika kobhubhane lwe- Covid-19 kuleli. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-3. (3)

- 1.1.5 Khetha isimo sokukhuluma esihambisana nalesi esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-3:
- A Lukhulu luyeza luyanyeleta
 - B Alishoni lingenzindaba zalo
 - C Lizowa licoshwe izinkukhu
 - D Libafazi bedube inyama
- (1)
- 1.1.6 Chaza umqondo oqukethwe amagama abhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-5 uwayamanise nokwenzeka kuso.
- (4)
- 1.1.7 Qhathanisa umqondo oqukethwe isigaba sesi-3 kanye nomqondo oqukethwe isigaba sesi-6.
- (3)
- 1.1.8 Hlaziya ngokuhlolisa ubuqiniso besitativende esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-6.
- (2)
- 1.1.9 Phawula ngokuhlolisa amazwi adwetshelwe atholakala esigabeni sesi-7.
- (2)

KANYE NO

IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.2.1 Shono ukuthi kungani isiguli esisefreyimini yoku-1 siphethe umakhalekhukhwini. Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka manje mayelana nokuvakashelana ezibhedlela ngenxa ye-Covid-19.
- (2)
- 1.2.2 Iyini inhoso yokusetshenziswa kwezifonyo. Bhekisa kokwenzeka efreyimini yoku-1 kanye nasefreyimini yesi-2.
- (2)
- 1.2.3 Emva kofunda isigaba sesi-4 UMBHALO A ofundwayo Kanye nokubuka UMBHALO B, ifreyimu yesi-3 qhathanisa umqondo oqukethwe yile mibhalo yomibili.
- (4)
- 1.2.4 Humusha umqondo oqukethwe ifreyimi yesi-2. Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka ezweni lakuleli ngenxa ye-Covid-19.
- (2)

AMAMAKI ESIQEPU A: **30**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) esimayelana namaqiniso angephikiswe mayelana nodlame lwasekhaya.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana namaqiniso angephikiswe mayelana nodlame lwasekhaya usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C**AMAQINISO ANGEPHIKISWE MAYELANA NODLAME LWASEKHAYA**

Udlame lwasekhaya yinto evamile eyenzeka nsuku zonke emindenini eminingi. Lo mkhuba ubuvamile nakudala kodwa ufihlwa ngenxa yokunganakwa kwamalungelo abantu. Ijisulu zokuhlukunyezwa kuvame ukuba abantu besifazane nezingane.

Nakuba abantu besifazane kuyibona abavikelwa kakhulu kodwa iqiniso limile ukuthi akubona bodwa abahlukunyezwayo. Abantu besilisa nabo bayaba izisulu zalokhu kuhlukumezeza. Abesilisa bayathula bazivalele ekhoneni ngenkinga ababhekane nayo yokuhlukunyezwa. Bangaphumela kanjani obala ngoba bahlekwa usulu ngisho nangamaphoyisa imbala?

Ijisulu zabelisa zibhekana nokugxekwa ngokwesiko. Uzwa bethi indoda enjani eshaywa umfazi. Lezi zinkulomo yizo ezenza ukuthi balibekezelele ibhodwe elishisayo ukuze bavikele isithunzi sabo. Nabesifazane uma bebalekela ukuhlukunyezwa beshiye imizi yabo, nabo bayagxekwa. Kuyabatshazwa kuthiwe mfazi muni lo obalekela umuzi wakhe, akuyalwanga lokhu kubo.

Ziningi izinto eziyigugu onikela ngazo ebudlelwaneni. Usuke ungazi ukuthi ikusasa likuphatheleni. Akulula ukuphuma ebudlelwaneni noma ngabe uhlukumezeke kangakanani. Isikhathi nje sisodwa siyimali ngakho abanye basuke behalela isikhathi sabo abasichithile. Abanye bakhalele izinto zabo zemali eshisiwe njengezimpahla ezibizayo ezizobalahlekela uma bephuma ebudlelwaneni. Okukhulu kunakho konke basuke bengenaso isiqiniseko sokuthi okubehlele ngeke kuphinde yini kubehlele uma beqala ubudlelwano obusha.

Ukubhekana nokuhlukunyezwa kungaba nezinselelo ezahlukene ezinzima. Lesi saga esithi eyomndeni ayingenwa siqinisile. Kubuhlungu ukugxambukela ezindabenzi zabantu ababili ngesinye isikhathi ngoba ababe besasho uma sebexolelene. Yingakho abahlukunyezwayo bebhекана nezinselelo uma sebehluくunyezwa ngoba abalutholi usizo ngokushesha ikakhulukazi kabantu abasondelene nabo.

Nakuba kusuke kulwa abantu abadala kodwa nezingane ziyawathola amachaphazelo, okuba yizisulu zodlame Iwasekhaya. Lokhu kwenziwa ukuthi abanye abazali ababe besaba naso isikhathi sokunaka izingane zabo ngoba bachitha isikhathi esiningi bebhekene nezimpi zabo. Okubi kunakho konke zikhula zinodlame nenzondo ngenxa yokubonela kubazali bazo.

Udlame Iwasekhaya lunemiphumela engemihle ikakhulukazi kwabesifazane nezingane. Singabala ukuzinikela ngokweqile ezidakamizweni kanye nasophuzweni oludakayo. Alubuye uthando ebantwini. Ikhaya liyikhaya elifudumele ngenxa yothando.

[Sicashunwe ku-inthanethi sabuye sahlelwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

D.1

**Musa ukuba isiggila
sezikweletu!**

**UDINGA
IMALIMBOLEKO
ESHESHAYO?**

KHULUMA NATHI

Page

www.pagemfbank.com
 ☎ 01-631 PAGE (7243)
 📩 customer@pagemfbank.com

[Sicashunwe ku-Advert technique, sabuye sahlelwa kabusha]

- 3.1 Shono ukuthi kukhangiswani kulesi sikhangisi. Nikeza impendulo egcwele. (1)
- 3.2 Chaza kafushane ngendida equkethwe yila mazwi athi, 'Musa ukuba isiggila sezikwelethu!'; 'Udinga imalimboleko esheshayo?' asetshenziswe kulesi sikhangisi. (2)
- 3.3 Chaza umthelela wokusetshenziswa komuntu wesifazane okulesi sikhangisi. (2)
- 3.4 Ukusetshenziswa kombuzombumbulu kulesi sikhangisi kunamuphumela muni kulowo ofunda isikhangisi? (2)

D.2

[Sicashunwe ku-Advert technique, sabuye sahlelwa kabusha]

3.5 Indawo eyisiqwi yilapho kutholakala khona lezi zilwane ...
Khetha impendulo engashayi emhlolweni.

- A ibhubesi.
- B ingulule.
- C ingcanga.
- D indlovu.

(1)

3.6 Ake uncome indlela yokukhangisa esetshenzisiwe kulesi sikhangisi. (2)

[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**IFREYIMU YOKU-1****IFREYIMU YESI-2****IFREYIMU YESI-3****IFREYIMU YESI-4**

[Icashunwe ku-Funny black and white yabuye yahlelwa kabusha]

- 4.1 Shono ukuthi zichaza ukuthini izibiyelo ezisetshenziswe umdwedi wale khathuni? (2)
 - 4.2 Chaza kafushane umuzwa owethulwa okwenzeka efreyimini yesi-3. (2)
 - 4.3 Ucabanga ukuthi igama, 'ukunkonkoloza' elitholakala efreyimini yesi-2 lihambelana kanjani nesimo umlingiswa azithola ekuso efreyimini yoku-1. (2)
 - 4.4 Bhala umusho ombaxa usebenzise imisho edwetshelwe etholakala efreyimini yesi-2. (2)
 - 4.5 Hlaziya ngokuhlolisia okwenzeka efreyimini yesi-4. (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F**EZOBUCHWEPHESHE ZIWUSIZO OLUKHULU EMPHAKATHINI**

Isikhathi esikuso emhlabeni siyaphoqa ukuba wonke umuntu aguqule **indlela** aphiла ngayo. Impilo isincike kakhulu kwezobuchwepheshe besimanje. Phambilini bekuchithwa imali eningi kukhokhelwa izindleko zokuyothamela imihlangano noma imibungazo ethile. Lokhu kwakuvamise ukuba kuholele ekutheni kuvalwe ngehlahlha kweminye imizi uma kuthuke kwenzeka ingozi. Kulesi sikhathi sekulula ukwenza 5 yonke le mibungazo kungazange kunyakaze muntu esuka endaweni ahlala kuyo eya lapho kusindwe khona ngobethole.

Izinkundla zokuxhumana ziyakwazi ukuzihlanganisa zonke lezi zindawo. Akekho obazi ukuthi ezokuxhumana **zingathuthuka** ngalesi sivinini zenze ukuba impilo ibe lula. **Abantu abadala bayasho** ukuthi ukuwa kwenye indlu ukuvuka kwenye. 10

Ngesikhathi esizayo kuyophoqeleka ukuthi wonke umuntu akwazi ukusebenzisa lobu buchwepheshe ngisho kungathiwa **isalukazi** esingakanani. Kuyadingeka ukuba abantu bangahambeli kude nolwazi lwezokuxhumana ukuze bezokwazi ukusebenza futhi bazenzele izinto ezithile. Ukuhambelo kude kuhle kwelanga lasebusika kungakwenza uzithole **usushaywe ngemfe iphindiwe** ngoba baningi 15 osomaqhingga nosomathuba abangagcina sebekuqola ngakho njalo ukungazijwayezi ukusebenzisa ubuchwepheshe obusha kwezokuxhumana.

[Umbhalo wokuzisunglela]

- | | | |
|-----|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----|
| 5.1 | Nikeza igama eliyishlonipho saleli elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni wokuqala. | (1) |
| 5.2 | Sebenzisa igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni wesi-6 selisendleleni esabizo emshweni ozakhele wona. | (2) |
| 5.3 | Shono ukuthi igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni wesi-9 lenze msebenzi muni. | (1) |
| 5.4 | Phinda ubhale isigejana samagama abhalwe ngokugqamile atholakala emgqeni we-10 sesikhomba ubunye. | (2) |
| 5.5 | Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni we-12. Phinda ulisebenzise emshweni ozakhele wona selikhomba ukuteketisa. | (2) |
| 5.6 | Sebenzisa isimo sokukhuluma esitholakala emgqeni we-15 emshweni ozakhele wona ukhombise ukuthi uyayiqonda incazel yaso. | (2) |
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPU C:	30
AMAMAKI ESEWONKE:	70